

INGEDEDE



January 2012, Vol. 15, No.1


Ukuchelelela/ Ukunisela



ngu Ashiel Jumman (Unjiniyela wezolimo: SASRI)

Ukuchelela kusiza ukugcina umswakamo wenele emhlabathini. Umhwamuko wamaqabunga, wasemhlabathini nezimpande zesitshalo kunciphisa umswakamo osemhlabathi. Uma imvula noma ukunisela kungabuyiseli umswakamo, umhlabathi ugcina sewome kakhulu. Lokho kungadala ukuphazamiseka kokukhula kwesitshalo.

Umfanekiso 1: Utshengisa ukuthi isitshalo singakhula kanjani uma sithola umswakamo owenele nokuthi singakhinyabezeka kangakanani uma umsakwamo ungafinyeleli ezimpandeni.



Umfanekiso 1.


Umthelela wokweqisa uma ukuchelela ngokweqile

- Amaxhaphozi ancisha izimpande umoya
- Ukuguguleka komhlabathi onothile
- Ukunyuka kwamanzi angadingeki anosawoti.
- Ukuguguleka komsoco emhlabathini

Ukuchelela kubiza imali enkulu, uma uchelela ngokweqile isitshalo sigcina singasakwazi ukusebenzisa umsakwamo ngedlela ezokuzuzisa (ukunyuka kwesivuno).

Umfanekiso 2: Ubukhona bomswakamo owenele emhlabathini

Amanzi atholakala ngemvula noma ngokuchelela, bese elahleka ngomhwamuko emaqabungeni, noma emhlabathini, ukuguguleka noma ukudlula kwamanzi abe sendawena lapho izimpande zingafinyeleli khona. Kulokhu umhwamuko wasemhlabanthini, ukuguguleka namanzi asendaweni lapho izimpande zingafinyeleli khona kumele kuncishiswe. Umhwamuko wamaqabungeni yiwo ohlomelelisa isitshalo futhi kumele kugquzelwe kuqinisekiswa ukuthi kuhlezi kunomswakamo owenele.



Umfanekiso 2.

Qinisekisa ukuthi kunomsakwamo owenele ngalezindle:

Bheka isilinganiso somswakamo osemhlabathi ngokusebenzisa lamathuluzi.



Iba nohlelo lokunisela ukuze wazi ukungena nokulahleka komswakamo. Xhumana nomeluleki wakho ukuze akusize ekwakheni loluhlelo.

Vikela ukuchelela ngokweqile nokuchelela ngokungenele ukuze uthole isivuno esihle kunyuke nenzuzo.

OKUQUKETHWE



ngayinye nowepulazi lonke ekukusizeni ekwenzeni konke ngendlela eyiyo.

Uhlelo lomsebenzi wasepulazini: Ukuze umlimi aqinisekise ukuthi konke kwenzeka ngokhlelo kumele kube nokuzomkhumbuzo. Sikufakele isibonelo sohlelo lomsebenzi wensimu



landelayo ngokubaluleka kwemisebenzi yazo.

Amasu asemqoka: Ngokwezinyanga ngokuhlukana kwazo kumele ulandelelwe izincomo zakwaSASRI ukuze umoba wakho ukunike isivuno esihle. Lapha kunohlelo lwezinyanga ezine ezilandelayo ngokubaluleka kwemisebenzi yazo.



somoba wakhe ukuthi siyahambisana nezidingo zezivuthiswi. Umlimi uchazeliwe ngezimo zomoba lapho engafaka khona izikhulisi nokumele akuqikelele.

Ukuvuthiswa komoba: Ukuvuthiswa komoba kuwumsebenzi obalulekile kakhulu ikakhulu kazi ezindaweni eziniselayo. Ngaphambi kokuba umlimi azisebenzise kumele aqikelele isimo

UHLELO LOMSEBENZI LONYAKA



ngu Bongani Phewa (Umeluleki wezomoba: SASRI)

Kwi nsimu nensimu yomoba, **kunemisebenzi eyahlukahlukene okumele yenziwe kuyo unyaka nonyaka noma kwi-sizini ngayinye. Yonke imisebenzi ezokwenziwa kumele iqoshwe phansi ukuze kube nokukhum-buzeka ngasosonke isikhathi ngokumele kwenziwe ngokwezikhathi ezahlukene.**

Inqubo elandelwayo uma kwakhiwa uhlelo lomsebenzi:

- Qopha phansi yonke imisebenzi okudinga yenziwe kwinsimu ngayinye epulazini
- Hlanganisa imisebenzi yensimu ngayinye ukhiphe imisebenzi yepulazi noma yamasimu akho onke ndawonye.

Ukuze usizakale ekuqaguleni imisebenzi edinga ukwenziwa ensimini, ikhalenda lakwa-SASRI lingakusiza njengoba zonke izinhlobo zemisebenzi zivela kulo noma uthintane nomeluleki wezolimo uyakukusiza kuloku.



ISIBONELO "SOHLELO LOMSEBENZI" LWENSIMI EYODWA

Inombolo noma igama lensimu yakho: - F1

Ubungako bensimu: - 1ha

Inyanga eyatshalwa ngayo: - September 2009

Inyanga okumele umsebenzi wenziwe ngayo (Month)	Umsebenzi okumele wenziwe (Operation)	Umgomo wesibalo sabasebenzi bokwenza lowomsebenzi, noku-nye nge-hektare (ha) (Labour std. Man Days per ha or other std.)	Isibalo sabasebenzi noma semishini edingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Total Man or machine days)	Izinto ezidingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Materials)	Ubungako bento edingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Quantity)
APRIL (Mbasa)	Qeqesha abagawuli-bomoba Akha uhlelo lokunisela	-	-	-	-
MAY (Nhlabha)	Hlola Umonakalo Wesithwathwa emobeni	-	-	-	-
JUNE (Nhlangulana)	Thenga Umanyolo Lungisa Amabhande- omlilo	1	1	Umshini wokusika	1
JULY (Ntulikazi)	Ilwa Nokhula Lwasebusika	1	1	Uphoyizeni (igama lawo) Isigubhu sokufutha	1
AUGUST (Ncwaba)	Lungisa izigubhu zokufaka umanyolo nophoyizeni	-	-	-	-
SEPTEMBER (Mandulo)	Faka izibulala-khula zesikhathi eside (L/term) Faka Isikhuthaza	1 1	1 1	Uphoyizeni (igama lawo) 1:0:1 (48) Isigubhu sikamanyolo	- 12 amasaka 1
OCTOBER (Mfumfu)	Hlola Ukusebenza Kwezibulala-Khula ezifakiwe	-	-	-	-
NOVEMBER (Lwezi)	Thatha Isampula lamaqabunga omoba	1	1	-	-
DECEMBER (Zibandlela)	Hlakula ngezandla	4	4	amaKhuba/geja	4
JANUARY (Masingana)	Akha Uhlelo Lomsebenzi lwesizini ezayo Akha uHlelo Lokuhlala lwesizini ezoqala	- -	- -	Amarekhodi ensimu Ikhalenda lakwa-SASRI	- -
FEBRUARY (Nhlojanja)	Enza Izilinganiso Zomoba Akha Uhlelo Lokusebenzisa Izimali (budget)	1 -	1 -	Isikali (scale) Ibhande lokukala ubude (measuring tape)	1 -
MARCH (Ndasa)	Hlela Ukumisa Ukunisela Futha Imingcele Yamasimu	- 1	- 1	- Glyphosate	- 1 litre

***Lesi isibonelo nje – wena ubhala loko okumele kwenziwe noma okuhambisana nensimu yakho

UHLELO LOMSEBENZI LONYAKA / LWE-SIZINI LWEPULAZI LONKE

Insimu	Mbasa (Apr)	Nhlaba (May)	Nhlangulana (Jun)	Ntulikazi (Jul)	Ncwaba (Aug)	Mandulo (Sep)	Mfumfu (Oct)	Lwezi (Nov)	Zibandlela (Dec)	Masingana (Jan)	Nhlolanja (Feb)	Ndasa (Mar)
F1	Qeqesha abagawuli Akha Uhlelo lokunisela	Hlola Umonakalo wesithwathwa	Thenga umanyolo Lungisa Amabhande omlilo	Ilwa nokhula lwasebusika	Lungisa izigubhu zokufaka uphoyizeni...	Faka Izibulala-khula Faka Isikhuthaza	Hlola Ukusebenza Kwezibulala-Khula	Thatha Isampula lamaqabunga	Hlakula ngezandla	Akha uhlelo lomsebenzi Akha uhlelo lokuhlahla	Enza Izilinganiso Akha uhlelo lokusebenzisa izimali	Futha Imingcele yamasimu Hlela Ukumisa ukunisela
F2	Hlola uhlobo lomhlabathi nomthamo womkhiqizo Thatha isampula lomhlabathi	-	Thenga umanyolo nezibulala-khula	Hlela ukuthuthwa kwembewu Enza isidingo sabasebenzi	-	Qala ukutshala	-	Faka izibulala-khula zokulandelisa Faka isikhuthaza	-	Akha uhlelo lomsebenzi	Enza Izilinganiso Akha uhlelo lokusebenzisa izimali	Futha Imingcele yamasimu

Amaphuzu abalulekile ngohlelo lomsebenzi:

- Uma kunoqeqesho oluhleliwe oluqondile, ungalukhombisa noma ulufake nalo ohlelweni lwakho lomsebenzi
- Gcina womabili lamashidi, ubeke obala elesizini yonke oluhlenganisa amasimu onke njengesikhumbuziso – uma usudinga ulwazi noma imininingwane ngokuzokwenziwa ngensimu, thatha ishidi laleyonsimu
- Uma unensimu eyodwa – beka obala uhlelo lomsebenzi lwensimu njengoba lunjalo
- Uhlelo lomsebenzi malungacini ngokwakhiwa nje kuphela bese kugcina lapho, kodwa kumele lulandelwe njengoba lunjalo ngaleyondlela kuyoba nokuzuka ekugcineni.
- Uhlelo lomsebenzi lungabuyekwezwa phakathi nesikhathi, kwenziwe izinguquko uma kunesidingo

Amasu asemqoka



ngu William Gillespie (Umeluleki wezomoba: SASRI)

Okumele ukwenze kulezinyanga ezine ezilandelayo, yiloku:



JANUARY / MASINGANA

- Hlolala izifo nezinhlobo zomoba okungeyizo emasimini nakwi Zinkulisa-mbewu zakho
- Lungisa imishini namathuluzi akho abe sesimeni sokusebenza
- Bheka ubabe olusalile/olumile kamuva emasimini ulukhiphe
- Chela ngomuthi ubulale ukhula olunabayo/huquzelayo njengesinandi olungaphansi kwesikhaba somoba
- Yenza uhlelo lokuhlahla lweSizini ezoqala
- Hlela futhi uphuthule uhlelo lokuvuthiswa komoba ngomuthi
- Bhekisisa ukukhula komoba emasimini ukuze ubone lakunesidingo khona sokutshala kabusha.




FEBRUARY / NHLOLANJA

- Qala ukuchela umoba ngomuthi ngenhloso yokuvuthiswa uma izimo sezivuma
 - Dweba uhlelo lomsebenzi lweSizini yonke ezoqala
 - Yenza uhlelo lokusebenza kwezimali
 - Yenza uhlelo lwesidingo sembewu yangonyaka ozayo
 - Yimba ususe izixhanti zomoba ezinezifo kanye nezinhlobo zomoba okungeyizo ezitshaliwe emasimini nakwizinkulisa-mbewu
 - Sika utshani emabhandeni/ezitubheni nasemigceleni yamasimu
 - Yenza izilinganiso zomoba wakho zesizini ezoqala
- Maphakathi nesifundazwe,**
- Tshala lezondawo ezinokuhlaselwa isithwathwa
 - Tshala izinkulisa-mbewu.



MARCH / NDASA

- Yakha uhlelo lokumisa ukunisela emasimini azohlahlwa
- Hlolala isifo u-Mbasha (RSD) emasimini azotshalwa kabusha
- Hambisa izilinganiso zomoba wakho ozohlahlwa
- Hlola isihlava-somoba (eldana) emasimini angahlahlwanga ngesizini edlule
- Lungisa futhi ugcine isesimweni esihle yonke imigwaqo epulazini lakho
- Phothula ukutshala kwakho kwase nkwindla.



APRIL / MBASA

- Yenza isiqiniseko sokuthi abagawuli bomoba bayaluthola uqeqesho noma sebeqeqeshokile
- Ubuhle bomoba into ebaluleke kakhulu ngakho qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele, omuhle futhi omusha
- Amasimu azotshalwa kabusha nalawo anesihlava (eldana) esiningi kumele uhlahle wona kuqala
- Hlela kahle ukunisela kwakho, unganiseli ngokweqile
- Ingabe uhlelo lokuhlahla selumi ngomumo, usuyamazi usonkontileka ozokuhlahlela?
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zikamanyolo ozowusebenzisa
- Thenga uKALIKA / umcako-wabalimi uma udingeka ensimini yakho.


Ukuvuthiswa komoba ngemithi



Ukuvuthiswa komoba ngemithi kukhulisa inzuzo umlimi ayithola ngomoba awuyisa emshinini. Akukhuphuli iqophelo lomoba kodwa kugxila kakhulu oketshezini (sucrose) olukhishwa wumoba. Ezindaweni zaseNyakatho ezinisela ngokuphelele umlimi anganyusa inzuzo ngamaphesenti awu-2, kwezigudle ugu amaphesenti awu-1.5 – 1.7 kanti kwezinganiseli amaphesenti awu-1 – 1.5. Ngokwesivuno uma umlimi efake imithi ngokwezincimo zakwaSASRI, akahlekelwa ilutho. Uma kwenzekile sehla isivuno iRV iyaye isivale isikhala sesivuno esilahlekile nezindleko zokuyisa umoba emshinini ziyehla. Esihlabathini esingehle kuyenzeka isivuno sehle.

Izimo ongafaka ngaphansi kwazo izikhulisi

Umoba wakho kumele kube wukuthi awuwuswele umswakamo noma ukhula ngendlela okuyiyo. Kumele ube namaqabunga ayi 8 noma ngaphezulu aluhlaza uphinde ube namalunga amade ikakhulukazi kwangaphezulu. Uma usebenzisa iFusilade Forte ujusi emobeni kumele ube ngamaphesenti angu 85 noma ngaphansi. I Ethophon yona idinga umoba onojusi ogaphezulu kuka 75 wamaphesenti noma ngaphansi. Umoba oqhakazile awufakwa izivuthiswi. Isivuno kumele sibe amathani angu 80 ngeheke noma ngaphezulu.



Izimpawu zemithi esebenze kahle emobeni

Eze Fusilade Forte:

- Umuqga omnyama ojikeleze ugoqo lomoba uma umoba uwuhluba
- Izimila celeni (ukuqhuma kwamehlo ogoqweni)
- Amahlamvu okugcina/amancane ayafa



Eze Ethophon:

- Amahlamvu aba mancane
- Izimila celeni (ukuqhuma kwamehlo ogoqweni)
- Amahlamvu aba phuzi



Isimo sezulu

Ungacheli uma kunetha. Isimo somoya masibe u 0 kuya ku 8km ngehora, 8 kuya ku 15 km ngehora kumele unciphise ukuphakama kwenzela kanti kusukela ku 15 km ngehora ungacheli.

Izivuthiswa zingafakwa ngebhanoyi noma ngesigubhu esibeletwa emhlane. Ukuzwela kwezinhlobo kuhambisana nezinhlobo zomoba (bheka ipheshana elihambisana nalendatshana).



Qaphela:

- Funda amapheshana axwayisa ngokusetshenziswa kwemithi
- Gqoka izingubo zokuzivikela

Thintana nomeluleki ngokwesikhathi okumele ufuthe bese usilinda anduba uhambise/uhlahle umoba wakho. Kwehluke ngenhlobo osuke uyisebenzisa nangesikhathi ohlahla ngaso. Umeluleki uyokusiza ekulandeleni uhlelo okuyilo.

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; ngoMasingana, uNhlabana nangoMandulo

Imibono nemibuzo: Sifiso Hlela: 031 508 7511
Email sifiso.hlela@sugar.org.za